

Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

17/2014 Intshumayelo ngesonto elithiwa Estomihi, ngomhla ka 02. 03. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo -/183
2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, udumo lungolwakho nobukhosi bungobakho. Siyakubonga Baba wethu othandekayo ngokuba uhambile nathi kwaze kwaba lapha, yize thina sihamba ngokuphambuka phambi kwakho. Sicela usiphe amandla ukuze sikwazi ukukudumisa, sikukhonze ngeqiniso. Akukho thina ngokwethu esikwazi ukukukwenza uma singaholwa nguMoya wakho oyiNgcwele. NguYena osiholela eqinisweni ngayo iNdodana yakho uJesu Khristu. Siyakunxusa ukuba uthethelele zonke izono zethu esizaziyo nalezo esingazaziyo, ngisho naleso sokungawenzi umsebenzi wakho ngesikhathi esinqunyelwe sona. Baba wethu othandekayo, siyakucela ukuba usihole njalo sidumise Wena Nkulunkulu ophilayo futhi sazi ukuthi ngaphandle kwakho asilutho. Sicela konke lokhu ngaye uJesu Khristu iNkosi uMsindisi wethu, ameni.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 13:1-13;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMark. 8:31-38.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 245/157
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kuIsaya 58:1-9a, lithi: "Memeza ngezwi elikhulu, ungazibambi, uliphakamise izwi njengecilongo, utshele abantu bami iziphambeko zabo, indlu kaJakobe izono zayo. Nokho bangifuna izinsuku zonke, bathanda ukwazi izindlela zami; njengesizwe esenza ukulunga, singashiyi ukwahlulela kukaNkulunkulu waso, babuza kimi izahlulelo zokulunga, bathanda ukusondela kuNkulunkulu, bathi: Sizileleni ukudla, ungaboni, na? Sizihlupheleni izinhlizyo zethu, ungakwazi, na? Bhekani, ngosuku lokuzila kwenu niyaqhuba umsebenzi, nicindezele zonke izisebenzi zenu. Bhekani, nizilela ukulwa

nokuphikisana nokushaya ngenqindi yobubi. Anisazili namuhla ukuze nilizwakalise izwi lenu phezu. Yikhona lokhukuzila engikukhethileyo yini nosuku lokuba umuntu awuhluphe umphefumulo wakhe ukuthi umuntu ngoba ikhanda lakhe njengomhlana, endlale indwangu yamasaka nomlotha phansi kwakhe, na? Lokhu kambe ungakubiza ngokuthi ukuzila nosuku olwamukelekayo kuJehova na? Akusikho lokhukuzila engikukhethileyo yini; ukuthukulula izibopho zobubi nokuxegisa imichilo yejoka; ukukhulula abacindezelwayo nokwaphula onke amajoka na? Akusikho ukwabela abalambileyo isinkwa sakho, nokuyisa abampofu nemihambima ekhaya lakho, nokwembesa ohamba-ze, lapho umbonayo, nokungazisithezi kwabayinyama yakho, na? Khona ukukhanya kwakho kuyakuqhamuka njengokusa, nokuphuluka kwakho kuyakuvela masinyane, ukulunga kwakho kuhambe phambi kwakho, inkazimulo kaJehova ibe semva kwakho. Khona wena uyakubiza, kusabele uJehova; uyakukhala, abesethi: Bheka, ngilapha." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, iNkosi uNkulunkulu ithuma umphrofethi ukuba amemeze kakhulu, atshele abantu ngeziphambeko zabo. UNkulunkulu uyibeka obala imisebenzi eyenziwa ngabantu evesini lesibili. Yize beyifuna mihla namalanga iNkosi uNkulunkulu, befuna ukwazi ngezindlela zayo, bethanda ukuqhakambisa ukulunga, ukusondela kuyo, kangangokuthi baze bazibuze ukuthi bakuzilelani, bazikhathazelani kangakanga kulapho iNkosi uNkulunkulu ingakugqizi qakala lokho kwenza kwabo na? Impela lokho bakubona kufana nokuzilela ize leze ngoba umsebenzi wokuzikhandla kwabo ushabalalisa okwamazolo ebona ilanga ngenxa yokuthi iNkosi ayibaphendula ngendlela abafuna ngayo nangesikhathi esithandwa yibo.

INkosi iyibeka obala imisebenzi emibi abayenzayo uma bethi bayazila. Ukuzila kwabo kufana nokuzenzisa ngoba basalokhu bephikelele nokucindezela ababasebenzelayo, nokulwa, yize bethi bazilile, badumisa iNkosi. Bazi kahle ukuthi kufanele bazile kanjani, kodwa indlela abenza ngayo iphambene neyeNkosi uNkulunkulu. Yingakho-ke ibabuza ukuthi ngabe yilokho yini ukuzila engikukhethileyo na? Ukuzila okukhethekileyo yilokho okubalulwe evesini lesithupha nelesikhombisa. Yikhona kanye iNkosi uNkulunkulu elindele ukuthi abantu bayo bakwenze, hhayi ukuzila kokuzenzisa, ngokwangaphandle nje, kwamasaka nomlotha. Bayazila kodwa ukuzila kwabo akwemukelekile futhi abanampumelelo ngoba kuphambene nobulungiswa nentando kaNkulunkulu ngenxa yokuthi baphikelela nokuphatha ngesihluku abanye abantu. Bakhonza iNkosi ngokuzenzisa ngoba lolu suku baluthatha njengosuku

olweywayekile njengoba bethi bezilile bebe beqhubeka nokwenza imisebenzi yabo kuzifanele nje nasemihleni.

Ivesi lesishiyagalombili nalandelayo akubeka kucace ukuthi yini umphumela wokuzila okukhethwe yiNkosi uNkulunkulu. Ngakho-ke umphrofethi akagcini nje ngokuthi atshele abantu ngezono zabo nokuthi ukuzila kwabo akwemukelekile ngenxa yezenzo zabo zokuhlukumeza abantu abampofu kumbe abangeyizo iziphathimandla. Nokho ubuye amemezele nangezindaba ezimnandi zokuthi abantu beNkosi uNkulunkulu bayomemeza, bayibize Yona iphendule ithi ngilapha. INkosi uJesu ithi: '...bhekani Mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe (Math 28:20).' INkosi uNkulunkulu ijuba umphrofethi ukuba atshela abantu ngezono zabo, asho ukuthi yini nani abayenzayo ebaqhelelanisa noNkulunkulu wabo. Akagcini nje lapho, kodwa uyabatshela futhi nokuthi yikuphi ukuzila okukhethekile okufunwa yiNkosi uNkulunkulu. Ngakho-ke ukuphenduka ezindleleni ezimbi kungumlayezo wokuthi abantu bakhombise ukuzisola ngokuphambuka kwabo. Umphrofethi ugcina ngezindaba ezimnandi eziqondene ngqo nalokho uNkulunkulu akwenzela abantu bakhe. Impela Yena unguNkulunkulu onomusa.

Bathandekayo eNkosini, masingacabangi ukuthi iZwi leNkosi uNkulunkulu alikhulumi nathi ngqo. Kufanele sizibuze ngamunye ngamunye ukuthi ngabe yini lena esiyenzayo esiqhelelanisa noNkulunkulu wethu na? Asikhumbule futhi ukuthi Yena usakhuluma nathi nanamuhla ngezono zethu, ngemisebenzi emibi esiyenzayo nesiycabangayo ephambene nentando yakhe. IZwi lakhe liyawuthinta unembeza wethu ukuze sikuqonde ukuthi uNkulunkulu akathokoziswa wukuzila noma yimisebenzi yethu yokuzenzisa engaveli ekukholweni nguye. Singakwenza konke esicabanga ukuthi kulungile, kodwa Yena angasiphenduli, ngoba wazi lokho okusekujuleni kwezinhliziyi zethu. Kufanele siqaphele ukuthi uNkulunkulu ukhuluma nathi ngomphrofethi, usidonsa ngendlebe ukuze singalokothi sicabange ukuthi ukumkhonza ngokuzenzisa kanjalo nokuphatha kabi abanye abantu kuyinto enhle. Futhi singakuboni lokho kukuhle ngoba akusenzi sibe ngcono futhi sibe namandla kunabanye abantu. Empeleni labo abanamandla kufanele basize abantekenteke nabeswele. Ngoba iNkosi uNkulunkulu ibavikela bonke abantu, abacebile nabampofu, abanamandla nabangenamandla ngokuba sonke singabantu bayo. Ngakho-ke kufanele impela ukuthi siphenduke ezindleleni zethu ezimbi, sidumise iNkosi yethu ngenhliziyo epheleleyo engenakuzenzisa.

Siphila ezweni elihle kakhulu, kodwa nsuku zonke siliphendula izwe lezidlova nezigebengu ngenxa yenzondo nenkohlakalo nesihluku esisenza komunye nomunye. Kufanele siqinisekise ukuthi isisekelo sempilo yethu sisebukhoneni beNkosi uNkulunkulu nasekwenzeni intando yayo. Nokho singekwenze lokhu ngokuhlakanipha kwethu namandla ethu, kodwa kuphela ngokuholwa nguMoya oyiNgcwele, Yena osibizele ekukholweni nguNkulunkulu ophilayo. Kufanele ukuthi labo abangenakuzisiza sibasize, sithethelele bonke abasonileyo ngoba nathi siyizoni, asingcono neze kunabanye. Futhi lokho sikwenze ngoba noBaba wethu osezulwini usithethelela ephindelela nsuku zonke ngayo iNdodana yakhe uJesu Khristu. Imisebenzi yethu ngaphandle kokukholwa nguNkulunkulu iyize leze ngoba ukukholwa yikho kanye okumthokozisayo, bese kuthi imisebenzi ibe yizithelo zalokho kukholwa. INkosi uNkulunkulu ifuna ukuba sihlalisane kahle lapha emhlabeni, kuthi isisekelo sakho konke kube ngokukholwa yiyo ngaye uJesu Khristu okungaye sithola ukuphila kwaphakade. Masimbonge uBaba wethu osezulwini ngomusa asenzela wona imihla ngemihla yize siphambuka endleleni yakhe, kepha yena uyasithethelela nxa siphenduka ezonweni zethu. UnguBaba wethu osithandayo ongafuni ukuthi sihlubuke kuye. Usisingatha ngothando olungenamkhawulo ngoJesu Khristu iNkosi noMsindisi wethu owasifelayo esiphambanweni. Amen.

9. **Umkhuleko:** Siyabonga Nkosi ngoba ukhulumile nathi nakuso lesi sikhathi esiphila kuso. Sinxusa ukuba usiphe amandla ukuze singayeki ukukudumisa nokushumayela iZwi lakho kuyisikhathi noma kungesiso. Siphe amandla okuba sithobele iZwi lakho futhi sihambe nokwentando yakho zikhathi zonke. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 49/51

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-E. S. Sithole

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.